

## **Kudliwe impahla yama-diagnostic radiologists ngesikweletu sika-R52-million**

**Tshwane, 25 kuNhlolanja 2022** – Impahla yehhovisi lokusebenzela lama-diagnostic radiologists amabili idliwe Isikhonzi seNkantolo ephakeme ngenxa yamafomu angabuyisiwe emininingwane yentela kanye nesikweletu sentela esingu-R52-million abasikweleta uPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS).

Abaqondisi behhovisi lokusebenzela esibhedlela i-Louis Pasteur Hospital esisePretoria, oDkt. Mkhabele no-Indunah Diaganostic Radiologists Inc, oDkt. Zulu Mkhabele noDkt. Mevis Ponde.

Umkhokhintela wafaka isicelo kwaSARS ecela ukuba kube nesivumelwano sokuhlangabezana, nokho leso sicelo sachithwa. Incwadi eyaziza ngesinqumo sokuchitha isicelo yathunyelelwa umkhokhintela sihambisana nencwadi egqogqa isikweletu okokugcina. Umkhokhintela azange aphendule nakweyodwa kulezi zincwadi.

Isikweletu sivela ekuthunyelweni kwamafomu amanigi okubuya imininingwane yentela kwaSARS, kubandakanya intela yemalingeniso lenkampani, intela ngokobungakomholo (i-PAYE) kanye neNtelantengo (i-VAT), ngaphandle kokwenza izinkokhelo esikhathini esiyiminyaka emithathu.

Kolunye udaba, Isikhonzi senkantolo ufake endalini izimpahla ze-Edison Power Gauteng Pty Ltd, inkampani eseenza ngogesi, emva kokuba inkampani yathumela amafomu emininingwane yentela ngaphandle kokwenza inkokhelo. Izimpahla ezadliwa kuMandulo ngonyaka owedlule zilinganiselwa ku-R20-million. Ukungathobeli imigomo yentela kwe-Edison kwenzeke esikhathini esiyiminyaka emibili.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe isikhungo siphokophele ukwenza kube lula kubakhokhintela ukuthobela imigomo yentela, sibesihlinzekwa ngengcaciso nesiqinisekiso mayelana nezibophezelozabo.

“Abakhokhintela abanangi sibathatha njengabakhokhintela abathembekile futhi abazimisele ngokuthobela imigomo yentela. Ngokwenza kanje bayaqhubeuka nokuba negalelo ekuqoqeni imali edingekayo ukuze kwakhiwe umbuso okhonayo okwaziyo ukuhlinzekela inhlalakahle yazo zonke izakhamizi.

“Kodwa-ke, ukungathobeli ngenhloso nangokuzithandela okuvela noma ingakuphi, angeke kubekazelelwe. USARS uzosebenzia zonke izinsiza zomthetho ezikhona ukwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela nabahwebi abanjalo,” kusho uKhomishana wakwaSARS.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za